**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ MXOLISI KAUNDA EMCIMBINI WOKUVULA ISIKHUNGO SEZITHUTHI ZOMPHAKATHI NOKWETHULWA KWEZINHLELO ZEMIGWAQO EMTSHEZI MHLAKA 05 JULY 2016.**

- Mphathi wohlelo;
- Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
- IMeya yesiFunda sasoThukela uCllr Dudu Mazibuko;
- IziMeya zomasipala abangaphansi koThukela;
- Amakhansela wonke akhona;
- Ubuholi beSANTACO neKWANABUCO;
- Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuThutha;
- Umphakathi wonke;
- Ngiyanibingelela.

Egameni loMnyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal, kuyintokozo ukuthi sithole ithuba lokuzokhuluma nani lapha ngezinhlelo zokulekelela imiphakathi yakule ndawo ukuthi nayo iphucuke futhi ibe nempilo engcono.

Mphakathi waseMtshezi sithanda ukubonga kinina nonke ngokuthi nibambisane noHulumeni wenu ukuze izinhlelo zentuthuko ziqhubeke ngaphandle kokuphazamiseka endaweni yenu.

Phela ukubambisana kwethu nani yikona okwenza ufezeke kalula umgomo wethu wokuthi sibe nguHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – ohlale ufeza lokho ozibophezele kukona.
Kungenzeka ukuba intuthuko ayifiki ngesikhathi esisodwa kodwa ngokulokhu sithola leli thuba lokuba kuHulumeni enisinika lona ngevoti lenu, noma kanjani sizogcina siphumelele.

Lo mcimbi wanamhlanje-ke uyingxenye yochungechunge lwemicimbi esiyiqalile selokhu ngiphathiswe lo Mnyango wezokuThutha esifundazweni.

Kule micimbi esiyihlelele ukuba siyenze ngezinsuku ezilikhulu zokuqala ngisehhovisi, sibheka yonke ingqalasizinda kuhlanganisa imigwaqo namarenki, bese kuba ngezokuphepha emgwaqeni.

Kodwa kuyona le micimbi nami ngithola ithuba lokuba ngiqinisekise imiphakathi yakithi ukuthi izinhlelo zentuthuko ebese zihleliwe ngaphansi kobuholi bukaMhlonishwa uNdunankulu ngenkathi esaphethe kulo Mnyango, zonke zizoqhubeka njengoba zinjalo.

Abaziyo bathi neNkosi uJesu yasho yathi ayizile ukuzochitha kodwa izogcwalisa. Mina bengiwubani-ke ukuthi ngingashintsha ubuhle osebenziwe embhidlangweni wokuphucula izimpilo zabantu bakithi.

Kodwa mhlambe engingakugcizelela nje ngukuthi sizoqinisekisa ukuthi sifaka umfutho kakhudlwana ukuze siphuthumise uguquko kwezomnotho kubantu bakithi, ikakhulukazi intsha yakithi.

Yingakho-ke sinezinto ezintathu esithi sizokhuluma ngazo lapha namhlanje. Okokuqala yilokhu kokuthi sivule ngokomthetho isikhungo sezithuthi zomphakathi esididiyele laphaya phakathi edolobheni eMtshezi.
NjengoHulumeni sesathatha isinqumo sokwakha lolu hlobo lwamarenki akwazi ukuhlanganisa ndawonye amabhasi namatekisi ngenhloso yokulekelela, ikakhulukazi abagibeli ukuba bafinyelele kalula ezintweni zokuhamba.

Lokhu kusukela ocwaningweni esalwenza olwaziwa nge-National Household Travel Survey olwaveza ukungagculisi okuyisimanga ngesimo okusebenza ngaphansi kwaso ezokuthuthwa komphakathi.

Ukungabikhona kwengqalasizinda ehlinzeka izithuthi zomphakathi kungenye yezinto ezabonakala ukuthi zenza singabi nohlelo lwezokuthutha umphakathi oluhehayo. Nathi futhi njengoMnyango sabe sesiqala uhlelo lokubhekela ezokuthuthwa komphakathi, esithi i-Public Transport Plans (PTP).

Lolu hlelo esilwenza kuwo wonke ama-district lwasikhomba ukuthi indaba yengqalasizinda iseyinselelo enkulu kubantu bakithi.

Kubalulekile-ke ukuba silungiswe lesi simo, kwazise phela ukusebenza kwezithuthi zomphakathi ngendlela egculisayo kulekelela nasekukhuliseni umnotho njengoba zisetshenziswa ngabantu abahola kancane ababalelwa ku-90%.

Ubufakazi obukhona futhi buveza ukuthi uma izithuthi zomphakathi zingenayo ingqalasizinda ekahle, lokho kuba nomthelela ekunyukeni kwezindleko zokuqhuba umsebenzi okugcina sekuba ngabagibeli abathwala lezo zindleko.

Siyakholelwa futhi ukuthi ukuba nengqalasizinda esezingeni elihle kuzosiza kakhulu ukukhuthaza ukusetshenziswa kwezithuthi zomphakathi esikhundleni sokuthi umuntu nomuntu asebenzise imoto yakhe. Phela yikho lokho okwakha isiminyaminya ezindaweni ezingamadolobha namalokishi, ikakhulukazi ngezikhathi zokuya nokubuya kwabantu emisebenzini nasezikoleni.

Ngenxa yokuntuleka kwamakhono nezimali komasipala abaningi, okudala ukuba bahluleke ukuzihlinzeka ngale ngqalasizinda, njengoMnyango sabe sesisebenzisa umgomo esibekelwe wona ngokomthetho ukuba silekelele bonke labo masipala abanale nselelo.

Kuthe eminyakeni emihlanu edlule uMnyango wazibophezela ekwakheni usukasambe wesikhungo esithi i-Public Transport Intermodal Facility lapha kumasipala waseMtshezi. Savumelana ngokuthi uMasipala uzodedela indawo bese thina sifaka imali yokwakha.

Kuyintokozo-ke namhlanje ukuthi sesikwazile ukufezekisa lo msebenzi njengoba sesiyivule ngokomthetho irenki emini bebade kubheke wonke umuntu.

Imali esiyifake lapha ingu-R87 million. Njengenjwayelo-ke, emizamweni kaHulumeni yokuguqula izimpilo zabantu, kukhona namathuba emisebenzi akwazile ukwenza ngcono izimo zokuphila emakhaya kubantu bendawo ngenkathi kuqhubeka umsebenzi wokwakha.

Sithanda ukudlulisa ukubonga nasembonini yokuthutha umphakathi, lapha eMtshezi, abasilekelele ngokubambisana nomasipala ukwenza lo msebenzi ube yimpumelelo.

Lesi sikhungo sizokwanela amatekisi angu-190 namabhasi angu-15 ngesikhathi esisodwa. Kukhona izindawo zokuzikhulula, izindawo zokudayisa, kanti nabanikazi bemboni bazoba nehhovisi lokusebenzela ukuze bahleleke kahle.

Olwesibili udaba esize ngalo lapha ngolwebhuloho lezimoto esizolakha Emfuleni iNcibidwane emgwaqeni uD1240 ngaphansi kukaMasipala waseMbabazane. Imali esesiyihlelele lo msebenzi ingu-R12 million kukhona namathuba azovuleka

kosonkontileka abasafufusa abahlanu abaku Grade 1. Kukhona nohlelo le learnership elizohlomulisa intsha yendawo ewu 5. Nalapha sifisa ukubongela imiphakathi engaphansi kwaBambo esizokwazi ukuhamba kalula ukuya emitholampilo nasezikoleni.

Olunye futhi udaba yilolu lomgwaqo uP179 esizowufaka itiyela amakhilomitha angu-9.51 ngemali engu-R120 million kukhona namathuba azovuleka kosonkontileka abasafufusa abawu 14. Kukhona o Grade 1 abawu 10, oGrade 2 abawu 2, no Grade 3 abawu 2. Kukhona nohlelo le learnership elizohlomulisa intsha yendawo ewu 20. Njengoba sesihlabe isoyi lale misebenzi esikhuluma ngayo lapha, akukhona ukuthi sizokwenza izethembiso kodwa sizoshiya inkontileka osekumele iqale ukusebenza. Lomgwaqo uzolekelela kakhulu imbhoni yokuthutha umphakathi, uphinde usize nabagibeli.

Masibabongele abantu balapha eMtshezi naseMbabazane asebezohamba kalula ukuya eZola Primary School, Drakensberg Comprehensive High School, Emahhashini Primary School, Inkanyiso Primary School, Wembezi Primary School, Wembezi Clinic neWembezi Police Station.

Nalapha futhi kukhona amathuba emisebenzi esibheke ukuthi atholwe ngabantu bendawo.
Siyalazi-ke iqiniso lokuthi indawo yaseMtshezi ibuye ibe nabantu abazwela kakhulu ngokwepolitiki, lokhu esithi ba-sensitive. Izimo ezinjalo zivamile-ke ukuholela ekutheni uma kunamathuba emisebenzi kanjena uthole sekukhethwa iphela emasini, amathuba atholwe ngokuthi umuntu ukuliphi iqembu lepolitiki.

Thina-ke njengoHulumeni noMnyango siyakuhlaba siyakuhlikiza lokho, futhi esiyothola ukuthi wenza kanjalo noma umholi wendawo noma isikhulu soMnyango noma inkampani eyakhayo, thina siyobhekana naye ngendlela efanele.

Siyazi futhi ukuthi maningi ama-project lo Mnyango owenzile wawaqeda kule minyaka edlule ezindaweni ezingaphansi kwesifunda sasoThukela.

Kuleyo nje singabala:

- Ibhuloho iMawebu River Pedestrian Bridge esilakhe ngo-R3.2 million khona lapha eMtshezi;
- Msahweni Road eMbabazane owakhiwe ngo-R7.5 million;
- Thonyelana Pedestrian Bridge oKhahlamba elakhiwe ngo-R5.18 million;
- Mnweni Vehicle Bridge khona futhi ku-Ward 5 walapha oKhahlamba elakhiwe ngo-R10.75 million;

- NeSahlumbe Vehicle Bridge eNdaka esilakhe ngo-R24.5 million.

Kukhona futhi imisebenzi eqhubekayo njengoba sikhuluma nje esingabala kuyona:

- Imigwaqo ebizwa ngeDraycott Roads eMbabazane lapho sifake khona u-R59 million;
- uD1251 eMqedandaba eMbabazane esifake kuwo u-R33 million;
- uD1252 khona futhi eMqedandaba esifake khona u-R79 million;
- uD69 eZwelisha eMbabazane esifake u-R92.7 million;
- uD1263 oKhahlamba esiwakha ngo-R148.1 million;
- D489 khona lapha eMtshezi owakhiwa ngo-R205.7 million;
- Matiwane Road eMnambithi ngo-R193 million;
- P281 eMhlumayo owakhiwa ngo-R155 million;
- NeFidi River Vehicle Bridge elakhiwa ngo-R18.7 million.

Ezinye izinhlelo esibheke ukuba ziqale manje kusuka kulo nyaka ezinye zazo, singabala:

- uD44 eWatersmeet esizofaka kuwona u-R68 million;
- P280 eWeenen ozodla u-R380 million;
- Mfifiyela Vehicle Bridge lapha oKhahlamba elizokwakhiwa ngo-R7.7 million;
- Emoyeni Vehicle Bridge eLoskop lapho sizofaka u-R11.9 million;
- uP187 eMnambithi ngo-R219 million;
- no-L1524 khona futhi eMnambithi ngo-R51.9 million.

Uma sibheka lezi zinhlelo esizenzayo nesisazozenza ibalelwa ku-**R493 million** imali esesiyihlelele le minyaka yezimali emithathu kusuka kulona esikuwona.

Yizona zonke lezi zinto okumele sizichaze ukuze abantu bakithi babe nolwazi ngemisebenzi eyenziwa nguHulumeni abazikhethele wona ukuba ushintshe izimpilo zabo zibe ngcono.

Ngiyafisa-ke ukuba ngithathe leli thuba ngigqugquzele ukuthi njengoba sekuyisikhathi semikhankaso yokhetho loHulumeni basekhaya, sengathi ningaziphatha kahle futhi kungabi bikho ohlukumeza omunye ngenxa yokuthi ukhethe enye inhlangano.

Uma umuntu ekhethe ukushiya inhlangano yakho wakhetha le ephethe uHulumeni ngoba ebona imisebenzi yayo, akumele lowo muntu ajeziswe, kanjalo nabamanye amaqembu kumele bahlonishwe.

Sicela ningasiphoxi, singezwa sekuthiwa kukhona abaphazamise umbuthano wenye inhlangano noma sekukhona abavinjiwe bethi babamba imihlangano yabo.

Sengathi ningaziphatha kahle, sonke sisebenze ngokubambisana ukukhuculula ubugebengu nabo bonke obunye ububi obukhungethe imiphakathi yakithi.

Konke kulele emahlombe enu – uma niziphethe kahle futhi niphila ngokuthula intuthuko izolokhu igelezile endaweni yenu. Ngalawo mazwi siyaphinda siyalibonga ithuba lokuba sibe nani kulo mcimbi.

**Ngiyabonga**